IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

# UmSamariya Omuhle



"Mfundisi! Ngenze njani ukuze ngithole ilifa lempilo engunaphakade?" Lendoda eyayibuza lombuzo yayi ngummeli, izama ukukhohlisa uJesu. "Uthini umthetho kaNkulunkulu na?" Kuphendula uJesu.



“Thanda uNkulunkulu kanye nomakhelwane wakho,” kusho indoda. “Kodwa ngubani umakhelwane wami?” kubuza lendoda.



Ukuze aphendule umbuzo wale ndoda, uJesu waxoxa indaba yendoda eyayihamba emgwaqweni osuka eJerusalema oya eJeriko. Lendoda yahlaselwa yizigebengu.



Izigebengu zeba konke, ngisho nezingubo. Baphinda bamulimaza kakhulu, bamushiyela ukufa eceleni komgwaqo.



Ngenhlanhla kwadlula umpristi. Uzayisiza lendoda elimele nakanjani. Lutho! Ngenkathi ebona lendoda iphuma igaza, wajomba umgwaqo.



Ngomsindo wezinyathelo kwadlula enye indoda. Yayi ngumLevi – isilekeleli sompristi ethempeleni. Wahamba wayoqalaza lendoda elimele, kodwa wazihambela engasizanga.



Abantu ababelalele indaba kaJesu babengalindele ukuba umSamariya uye owayezoba iqhawe. Kodwa kwaba nguye. UmSamariya waye nesihle, futhi wama wasiza.



UmSamariya waguqa, ngesineke wafaka imithi futhi wabopha namanxeba kalomfokazi. Waphinda wamthatha wamhlalisa kwimbongolo yakhe.



Esiphumulweni, umSamariya wanakekela lendoda ubusuku bonke.



Ekuseni wakhokhela umphathi wesiphumulo ukuba anakekele lesihambi size sibe ngcono.



Yaphela indaba. UJesu wabuza, "Ubani umakhelwane walendoda elimele?"





Ummeli waphendula,
"Umakhelwani
wakhe umSamariya
omtshengise isihle."

"Hamba, futhi wenze ngokunjalo," kuphendula uJesu. Umakhelwane inoma ubani odinga usizo. Sitshengisa uthando ngokusiza abantu abadinga usizo. Lokhu kujabulisa uNkulunkulu.



# UmSamariya Omuhle

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Luka 10

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16